



## agriculture & rural development

Department:  
agriculture  
& rural development

**PROVINCE OF KWAZULU-NATAL**

KZN Department of Agriculture & Rural Development  
Private Bag X9059, Pietermaritzburg, 3200

Enquiries: Nalini Dickson  
Tel: 033-3559300 or 0832340475

Fax: 033-343 8255  
Toll-Free: 0800 000 996  
Email: Nalini.Dickson@kzndard.gov.za

---

### **INKULUMO KANGQONGQOSHE WOMNYANGO WEZOLIMO**

**NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA KWAZULU-NATALI,  
UMNUZ THEMBA MTHEMBU, AZOYETHULA EMCIMBINI WOKUNIKEZELWA  
KWAMATAYITELA OBUNIKAZI BOMHLABA OSUBUYISELWE KUBANTU  
EMPHAKATHINI WAKWACELE NASENHLANGWINI**

**UMGQIBELO, 30 JULAYI 2016**

**INDAWO: ENKUNDLENI YEZEMIDLALO ENTUBENI, KWACELE-NHLANGWINI**

Abaphathi boHlelo, Linda Sibya noMnyamezeli Dlamini

IMeya yoMkhandlu wesiFunda Ilembe, uKhansela SW Mdabe

IMeya kaMasipala wakwaDukuza, uKhansela NR Mthembu

IMeya kaMasipala waseNdwedwe, uKhansela M. Hadebe

Onke amakhansela akhona

Inkosi uCele nawo wonke Amakhosi aseNdlunkulu akhona

UMqondisi oMkhulu weKhomishani yokuBuyiswa koMhlaba KwaZulu-Natali, u-Adv Bheki Mbili

UMnuz TB Nzuza noMnuz BW Khuzwayo abamele umphakathi waKwaCele owaFaka isicelo sokubuyelwa ngumhlaba

Amalungu omphakathi waKwaCele-NaseNhlangwini azonxeshezelwa namuhla

Izimenywa eziQavile

Bafowethu noDadewethu

Uma uhlelo lokubuyiselwa komhlaba kubantu lungahambisani nokuthuthukiswa kwezolimo lusuke lungahambi kahle. Kufanele siqinisekise ukuthi ukudla kuhlale kukhona ukuze kondle izizukulwane zabantu baseNingizimu Afrika. Okubaluleke

nakakhulu ukuthi senze isiqiniseko sokuthi ukudla kushibhile ezitolo ngaleyo ndlela siyophumelela ukuxosha indlala ezweni. Sidinga-ke ukuthi sitshale ukudla okuningi ukuze kushibhe futhi ngalokho siyobe silekelela leli zwe ukuba lingethembeli kakhulu emikhiqizweni yokudla eqhamuka emazweni angaphandle.

Uma kukhulunyuwa ngokuba khona kokudla isizweni kanye nokudla ukudla okunomsoco, uHulumeni kufanele acabange kabanzi ngengomuso futhi abe nohlelo lwekusasa. Isibalo sabantu ezweni siyakhulua kodwa isibalo sabalimi sona siyancipha. Isibalo sezakhamizi zaseNingizimu Afrika sifinyelela ku-52 million manje kanti eminyakeni engu-15 ezayo kulindeleke ukuba sibe sesikhule ngo-12 million okusho ukuthi ngaleso sikhathi abantu bakuleli zwe bayobe sebelinganiselwa ngaphezulu kuka-64,4 million. Ngakho-ke sizodinga amapulazi nabalimi abanangi abazosikhiqizela ukudla njengoba isizwe siyobe sikhula ngamandla.

Yingakho-ke namuhla kuyinjabulo ukuzokwethula amatayitela obunikazi bomhlaba emphakathini waKwaCele, okhethe ukulima umhlaba wawo owuthole ngemuva kohlelo olube yimpumelelo lokubuyiselwa komhlaba kabantu bakithi.

Muzi wakwethu, ngiyethemba nonke nihlabeke umxhwele njengami uma nizwa ngendlela esetshenziswa yibhizinisi lezolimo lalapha kwesaKwaCele. Okuyikhona sihluthulelo ekukhulisweni kwezolimo lapha esiFundazweni wukuba kube khona ubambiswano. Lokhu kuchazwa kangcono yisitatimendeni sezinhoso zokusebenza koMnyango **esithi uma ngisicaphuna:** “**Ukuthuthukisa ngendlela yobambiswano, ezolimo ezihambisana namasu aphusile anjongo yawo ukudlondlobalisa ezolimo, ukuba kugcinwe ukudla kukhona esizweni futhi kuthuthukiswe imiphakathi yasemakhaya KwaZulu-Natali.**”

Ubudlelwano obunempilo phakathi kweKwaCele farming Pty Limited ne-Crookes Brothers Limited buyisibonelo esiqanda ikhanda salokhu engikhulumu ngakho futhi nabanye ababuyiselwe umhlaba bangasika iphethini kulokhu. Siye sikhohlwe isikhathi esiningi ukuthi abantu balahlekelwa kanjani ngamakhono ezolimo ngesikhathi bethathelwa imihlaba yabo.

Ezikhathini eziningi lapho ngihambela imiphakathi esuke isibuyiselwa umhlaba wayo ngiye ngihihangabezane nezindaba ezichaza ngendlela enenzozo abantu ababewusebenzisa ngayo umhlaba wabo ngaphambi kokuba bawephucwe ngababandlululi.

Ngalo nje leli sonto eliphelile besilaphaya eGolokodo lapho umphakathi ubunikezwa izinxephezelo ngomhlaba owephucwa wona eFolweni. Ngifunde umbiko wocwaningo

ochaza kabanzi ukuthi abantu ababehlala kuleya ndawo ngaphambi kokuba ithathwe babenolwazi olujulile lokulima umhlabathi. Umphakathi wawulima odedangendlale bamasimu kamoba futhi unesu lokugcina amanzi okunisela emihosheni okwakuthi uma sekuyisikhathi sasehlobo bakwazi ukuwadedela ukuze anisele izitshalo. Lokhu futhi kwakuwusiza umphakathi ukuthi ukwazi ukuvikela ukuguguleka komhlaba.

Ngesikhathi uHulumeni wengcindezelo ususa abantu ezindaweni zabo uyobabeka emalokishini, kwasala ngemuva izinkomo, izimbuzi nezimvu zabantu. Enye imbibizane abantu abahlangabezana nayo kwaba wukuthi izindawo ababebekwe kuzo emalokishini zazincane ukuthi umuntu angalima isivande azicoshacoshele imifino yokondla umndeni. Lokhu-ke kwaholela ekutgheni abantu abadala bangakwazi ukudlulisa ulwazi lwabo esizukulwaneni esincane.

Okwaba kubi nakakhulu wukuthi uhlelo Iwezemfundo Iwangesikhathi sengcindezelo olwalubizwa ngokuthi yiBantu

Education Iwalwakhiwe ngendlela uwayenguNdunankulu uVerwoed ayichaza **ngokuthi abamnyama "bayoba yizinto zokutheza izinkuni nokuyokha amanzi."** Isifundo sezolimo ezikoleni sasikhona kodwa sasididiyelwe ngendlela yokuthi siqeqeshe abantu bakithi ukuze bayoba yizisebenzi zasemapulazini. Ngaleyo ndlela abantwana bethu babona lesi sifundo siyindlela nje yokubazwisa ubunzima yingakho bengathandanga ukwenza ezolimo. Namuhla sihlalelwu umsebenzi wokulungisa lesi simo futhi kufanele siqale phansi le entsheni, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya, siyitshele ukuthi ezolimo ziyyisayensi nebhizinisi elivutha uphondo futhi siyitshele ukuthi nayo ingakwazi ukuba ngabalimi abanohlonze ifane nabalimi balapha KwaCele.

Kungijabulise kakhulu ukuzwa ngohlelo lokuthuthukiswa kosomabhizinisi olwenziwa yi-Crookes Brothers nanokuthi manje sebedlulisele umsebenzi kwi-trust yomphakathi waKwaCele naseNhlangwini elawulwa yiKwaCele Farming, esisebenza ngokuzimela. Yilokhu kanye esikufunayo singuHulumeni ukuze sidlondlobalise umkhakha wezolimo. Sifuna kube khona ukwedluliswa kwamakhono noqequesho ezindaweni eseziyiselwe emiphakathini yakithi. Manje sibhekene nomsebenzi wokwakha isizukulwane sabalimi bangomuso futhi lokhu sizokwenza ngokuba sibambisane. Ngizothatha leli thuba ngibonge futhi abanye ababambisene neKwaCele Farming okuyi-Gledhow Sugar Mill, uShukela Milling Pty(Ltd), Cane Growers Association ne-Private Growers.

Iqembu elibusayo i-ANC engqungquetheleni yalo eyayiseMangaung ngo-2012 laphuma nesisombululo sokuthi uguuko Iwezomnotho luyoba khona mhlazane izakhamizi zaseNingizimu Afrika zonke ngokwehlukana kwazo zabambisana futhi zahlanganyela umbono owodwa wojkuqeda ububha, ukusungulwa kwamathuba emisebenzi nokuvala igebe lokungalingani.

UHulumeni uzibophezele ukuqinisa amaxhama obambiswano nezinhlango zomphakathi, imibutho yasekuhlaleni, izinyonyana, abemikhakha yezamabhizinisi, intsha, abesifazane bese kuba yizinhlango zemikhiqizo emkhakheni wezolimo kuhlanganisa nabalimi abazimele.

Bafowethu nodadewethu, kufanele sikhuphule umkhiqizo wezolimo kanti njengalokhu bese ngishilo ingxaki enkulu esigqolozele ukukhuphuka kwentongo yokudla okwenza imindenji eminingi ingakwazi ukuthola ukudla okunomsoco. UNggongqoshe kazwelonke wezoLimo, uMhlonishwa uSenzeni Zokwana, njengalokhu ebhekele ukuba khona kokudla esizweni uhlale eshumayela ivangeli elithi abantu mabangathembeli kuphela osizweni oluqhamuka kuHulumeni, uyagcizelela futhi ukuthi sonke kumele sisebenzise umhlabu esinawo ukuze siqale izingadi zokutshala ukudla.

Ngokwezibalo eziqondene nezolimo, iNingizimu Afrika isinamapulazi angaphansi kwengxenye yokuthathu kunalawo eyayinawo ngeminyaka yawo-1990.

Ngakho-ke kuyacaca ukuthi sisahlalelwwe ngomkhulu umsebenzi wokuba sigxilise umsebenzi wezolimo kubantu bakithi futhi sisebenze ngamandla ukuthuthukisa umkhakha wethu wezolimo kulesi sikhathi esikuso manje nakuba zikhona izinselele ezifana nesomiso.

Ngiyabonga mphakathi waKwaCele ngokuqhube ka nosikompilo lokulima nanokuba nje nibe nobuhlakani bokujala ubambiswano oselwenze nahloma naphelela ngamakhono asemqoka kwezolimo. Sithi qhubekani nomsebenzi wenu omuhle futhi nibacobelele nabanye ngamakhono eniwazuzile.

Nithwele amathemba okhokho bethu ababhala i-Freedom Charter abakubeka kwacaca ukuthi umhlabu kumele wabelwe labo abawusebenzayo. Ukuba khona kokudla nokuthuthukisa komnotho ezindaweni zasemakhaya kuyofezeka mhlazane umhlabu ungasagcini nje ngokubuyiselwa kulabo owathathwa

kubo kodwa uma usetshenziswa futhi ukhiqiza ukudla. Yingakho ukubuyiselwa komhlabu kubantu kuseqhulwini kwinqubomgomu kaHulumeni.

Ukubuyiswa komhlaba waKwaCele kwenzeke izikhawu noma amahlandla amathathu phakathi kukaMeyi 2008 no-Okthoba 2010. Ububanzi bomhlaba obuyiselwe kubanikazi bungamahektha angu-7 000, iningi lawo okungamasimu kamoba. UHulumeni ukhiphe imali elinganiselwa ku-R118 million uthengela lo mphakathi umhlaba.

Ababuyiselwe umhlaba bamelwe yiKwaCele-Nhlangwini Communal Property Trust. IKwaCele Farming ngenye yabaqashi esemqoka kakhulu lapha ngaphansi kwesiFunda Illembe. Iqashe cishe abantu ababalelwa ku-320. I-Projekthi kaBhana iqashe abasebenzi abasebenza ngokugcwele abangu-40 kanti eminye imisebenzi eyenziwayo kuyo le nkampani kuqashwe kuyo abantu abangu-450. Siyabonga futhi siyahalalisa ngokubamba iqhaza elibaluleke kangaka ekudaleni amathuba emisebenzi. Ngaphezu kwalokhu, kunemindeni engu-520 enamalungu angu-4278 ehlomulile futhi u-20% walesi sibalo ngabantu besifazane.

UHulumeni wethembise ukwakhela impilo engcono wonke umuntu. Njengoba ngizokwethula lama tayitela emphakathini waKwaCele, kunginika ugqozi ukwazi ukuthi lo msebenzi omuhle kangaka esiwubona wenzeka lapha futhi osuwenze impilo yabantu yangcono uyimiphumela yohlelo oluyimpumelelo lokubuyiselwa komhlaba kubantu. Sizoqhubeka nokubuyisela umhlaba kubantu bakithi ukuze kuguquke impilo yabaningi.

Ngiyabonga



KZN MEC for Agriculture and Rural Development Mr Themba Mthembu together with Illembe District Municipality Mayor Clrr Welcome Mdabe, visiting KwaCele Sugarcane Farm



KZN MEC for Agriculture and Rural Development Mr Themba Mthembu together with Illembe District Municipality Mayor Clrr Welcome Mdabe, visiting KwaCele Sugarcane Farm



MEC Mr Themba Mthembu together with Ilembe District Municipality Mayor Cllr Welcome Mdabe visiting a Classroom built by the KwaCele Community Trust



MEC Themba Mthembu together with KZN Land Claims Commissioner Advocate Bheki Mbili handing over title deeds to the Chairperson of the KwaCele Community Trust  
Mr Themba Nzuza and Inkosi Cele